SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (40) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (20) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, OWODWA ESIQESHINI B kanye noWODWA ESIQESHINI C.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Kumele uhlele (isibonelo: usebenzise umdwebo osalulwembu *(mind map)*/ iflowushadi/amagama angukhiye), ulungise amaphutha bese uwufundisisa umsebenzi wakho. Uhlelo/uhlaka kumele lubonakale NGAPHAMBI kombhalo ngamunye.

6. Konke ukuhlela makukhonjiswe ngokubhalwa bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe ulayini ovundlayo phezu kwakho konke ukuhlela.

7. Uyelulekwa kakhulu ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama-75 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama-38 |
| ISIQEPHU C: | Amaminithi angama-37 |

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela efanele ehambisana nokuhlelwa kwezinombolo okusetshenziswe kuleli phepha lemibuzo.

9. Bhala izihloko ezifanele empendulweni ngayinye.

10. Ungazibali izihloko lapho ubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-150 kuya kwayi-180.

**QAPHELA:** Bhala uhlelo/uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Ngajabula kakhulu. **[40]**

1.2 Umnotho waseNingizimu-Afrika. **[40]**

1.3 Wangifundisa uthisha wami. **[40]**

1.4 Indawo engifisa ukuyivakashela. **[40]**

1.5 Ukulalela abantu abadala. **[40]**

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6, 1.7 NOMA 1.8) bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.

1.6



[Sichashunywe ku-www.gettyimages.com] **[40]**


SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

## UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo, ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

Umzala wakho uthole umfundaze wokuyofunda enyunivesithi yapheseya kwezilwandle *(overseas)*.

Bhala **incwadi** umbongele ukuthi uthole lo mfundaze. **[20]**

2.2 **INCWADI YOKUKHONONDA**

Abafundi besikole ofunda kuso bebenomhlangano bezwakalisa izikhalo zabo ngokwanda kwezehlakalo zobugebengu endaweni. Njengonobhala wesigungu sabafundi (RCL) ucelwe ukuthi ubhalele umphathi wesiteshi samaphoyisa endaweni ukhononde ngalesi simo enibhekene naso.

Bhalela uMphathi wesiteshi samaphoyisa **incwadi yokukhononda**. **[20]**

2.3 **INKULUMO ELUNGISELELWE**

Ungumdlali webhola lezinyawo owazalelwa eNingizimu-Afrika. Manje usudlalela iqembu lapheseya kwezilwandle. Uthishomkhulu wesikole owawufunda kuso eKapa ukucele ukuba uzogqugquzela abafundi, ukhulume ngokubaluleka kwezemidlalo ezikoleni.

Bhala **inkulumo elungiselelwe** ozoyethula kubafundi nothisha balesi sikole. **[20]**

2.4 **ISIBUYEKEZO**

Usanda kubuka ifilimu entsha equkethe iminyakazo esheshayo nesabisayo.

Bhala **isibuyekezo** sale filimu usichazele kabanzi ngezinto ozithandile nalezo ongazithandanga ngayo. **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 20**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

## UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-40 kuya kwangama-60.

3.1 **IPHOSTA**

Esikoleni sakho nihlele usuku lokubungaza iminyaka eyishumi isikole saba khona futhi sinemiphumela emihle. Lo mcimbi uzoba khona ngesikhathi samaholidi kaDisemba. Nimeme nabaculi abazonandisa ngalolu suku.

Bhala **iphosta** umeme abantu abasha ukuze bafike kulo mcimbi. **[20]**

3.2 **UMYALEZO OMFISHANE *(WHATSAPP)***

Uthole umyalezo omfishane ophuma kumngani wakho u-Amanda ekucela ukuba umvakashele ngesikhathi samaholidi kaKhisimusi.

Bhala impendulo **yomyalezo omfishane** *(WhatsApp),* uphendule umngani wakho. **[20]**

3.3 **IMIYALELO**

Nizobe ninezivakashi ngempelasonto. Zicele ukuba niziphekele isitshulu senyama yenkomo *(beef curry).*

Bhala **imiyalelo (Resiphi)** yokupheka isitshulu senyama yenkomo esingadliwa abantu abayishumi. **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**



SA EXAM PAPERS
Proudly South African